| | |
|---|---|
| ZULULAND ENERGY TERMINAL | **ISAZISO: Iseluleko sangaphambili: Ukuveza Intshisekelo Kosonkontraka be-EPC - Zululand Energy Terminal (ZET)** |

**Isihloko: Iseluleko Sangaphambili: Ukuveza Intshisekelo Kosonkontraka Be-EPC - Zululand Energy Terminal (ZET)**

I-Zululand Energy Terminal (ZET) inentokozo ukumemezela ukuthi sekusondele ukuqaliswa kohlelo lokuhlola intshisekelo namakhono osonkontraka be-EPC (Engineering, Procurement, and Construction) ukuze babeyinxenye yokulungiselela ukuhlelwa kanye nokuqalwa komsebenzi (phrojekthi). Ukuqokwa kosonkontraka be-EPC kuzokwenziwa ngezigaba ezahlukahluke okubandakanya ukuveza intshisekelo (Expression of Interest), ukucelwa kwemininingwane (Request for Information) kuzekuyofika ekucelweni kwezilinganiso (Request for Quotation:

1. Ukuveza Intshisekelo (Expression of Interest - EoI)

- **Inhloso:** Ukuqonda intshisekelo namakhono ajwayelekile ezinkampani ezingaba inxenye.

- **Inqubo:**
  - Izinkampani ezinentshisekelo kumele ziqale zisayinde iSivumelwano Sokungadaluli Ulwazi (Non-Disclosure Agreement - NDA) esisayiniwe nge-linki enikeziwe [Isivumelwano Sokungadaluli Ulwazi].
  - Uma sekutholakele i-NDA esayiniwe, i-ZET izohlinzeka ngefomu elijwayelekile lokuhambisa ngokusemthethweni intshisekelo kanye nolwazi olujwayelekile.
  - Zonke izinkampani ezine-NDA esayiniwe zizothola izidingo eziyisisekelo zokubamba iqhaza.
  - Izinkampani ezihlangabezana nezidingo eziyisisekelo zizothola ulwazi olwengeziwe ngephrojekthi kanye nemininingwane yenqubo. I-ZET ingaphinde icele olunye ulwazi olwengeziwe.
  - Izinkampani ezingahlangabezani nezidingo eziyisisekelo zizokwaziswa, kodwa imininingwane yazo izogcinwa ukuze zisetshenziswe ngokuzayo njengosokontraka abancane (sub-contractors).

- **Umphumela:** I-ZET inelungelo lokumema izinkampani ezinikeze okufanele ukuthi ziqhubekele esigabeni Sokucela Ulwazi (Request for Information - RFI).

2. Ukucela Ulwazi (Request for Information - RFI)

- **Inhloso :** Ukuthola uhlu olufushane losonkontraka be-EPC abangase bakhethwe.

- **Inqubo:**
  - Uma i-ZET iqhubeka, izinkampani ezinikeze okufanele ezisuka esigabeni se-EoI zizothola uhlu lwemibuzo olwengeziwe.
  - Izinkampani kumele zithumele uhlu lwemibuzo olugcwalisiwe kanye nesitatimende esiyibopho sentshisekelo yokubamba iqhaza enqubweni Yokucela Isiphakamiso (Request for Proposal - RFP).
  - Ngokusekelwe ukuqonda okukhethekile kwekomidi le-ZET, kuzokhethwa uhlu olufushane lwabazongenela ngemuva kokuhlolwa.
  - Izinkampani ezikhethiwe ohlwini olufushane zizokwaziswa futhi ziqhubekele esigabeni esilandelayo.
  - Izinkampani ezingakhethwanga ohlwini olufushane zizokwaziswa futhi zizogcinwa ohlwini losonkontraka abangaphumelelanga kodwa angathintwa ngokuzayo.

- **Umphumela:**I-ZET inelungelo lokumema izinkampani ezikhethwe ohlwini olufushane ukuthi ziye esigabeni Sokucela Isiphakamiso (RFP).

3. Ukucela Isiphakamiso (Request for Proposal - RFP)

- **Inhloso:**Ukukhethwa kosonkontraka be-EPC.

- **Inqubo:**Imininingwane ephathelene nenqubo ye-RFP izokwethulwa ezinkampanini ezikhethiwe ngesikhathi sesigaba se-RFI.

Bonke osonkontraka be-EPC abanentshisekelo bayamenywa ukuba balungiselele ukubamba iqhaza ohlelweni le-EoI, ezokwethulwa maduze.